

ULihle noLwandle bahamba ngebhasi bavakashela umalume wabo eLesotho.

Uhambo lwabo lokuqala ngqa oluya ezweni elincane elisezintabeni eziphezulu.




La mantombazane andawonye abuka indawo ngefasitela.

“Iqhwa lemboze yonke indawo!” kumemeza uLwandle ngokumangala.

“Ungathi yingubo emhlophe emboze yonke into,” kuvuma uLihle.



“Ngiyajabula leli bhasi lifudumele ngaphakathi!” kubabaza uLwandle.

“Yebo, kuyabanda ngaphandle. UBusika bakule ndawo buqhaqhazelisa amazinyo,” kusho uLihle.



“UBusika baseLesotho bubanda kakhulu bedlula obasekhaya eLimpopo,” kuqhubeka uLihle.

“Eyi! ngiyathemba ngipakishe izimpahla ezifudumele ezanele,” kusho uLwandle.




Liyafika ibhasi, baphakamisela umalume wabo owayebahlangabezile izandla. Ugqoke ijazi elikhulu, isikhafu nesigqoko.

"Ee-ee!" kusho uLwandle ephuma ebhasini eqhaqhazela.



Amajezi amantombazane alula kakhulu, kuleli zinga lokubanda lale ndawo.

Umalume uphathele abashana bakhe izingubo ezinhle ezifudumele.

“Ngiyanemukela eBusika!” ebabingelela.



“Niqaphele lapho nihamba khona, lendawo ineqhwa futhi liyashelela,” ebaxwayisa.


Badlula iqoqwana lezimvu ezinoboya ziqoqene ndawonye ukuze zifudumale.



Ngaphansi kweqhwa, utshani bomile futhi bunsundu.


Akukho tshani obuningi obungamadlelo ezilwane.

Izitshalo eziningi ziyama ukukhula noma zife phakathi noBusika.



Amantombazane ahlala emlilweni eqhugwaneni likamalume.

Uwalethela inyama yenkomo enamazambane ashisayo. “Lokhu wukudla kwethu komdabu okubizwa ngokuthi, i-*lekhotloane* ngesi Sotho futhi kuzonifudumeza,” kusho umalume.



“EBusika ilanga liyephuza ukuphuma bese liyashesha ukushona. Sizoba sendlini amahora amaningi,” kusho umalume.

“Sizilungiselele ngezincwadi nemidlalo,” esho kanye kanye amantombazane.

## ——Imibuzo

1. Bakuphi oLihle noLwandle? Thola lendawo ebalazweni.
2. Yisiphi isikhathi sonyaka?
3. Thola amagama amathathu achaza lesi sikhathi sonyaka.
4. Ingabe uBusika baseLesotho buyafana noBusika balapho ohlala khona? Chaza.
5. Yibuphi uBusika obuthanda kakhulu? Chaza.
6. Ucabanga ukuthi kungani izitshalo eziningi ziyeka ukukhula noma zifa phakathi noBusika?
7. Chaza ukuthi kungani eBusika ilanga lingasheshi ukuphuma futhi lishesha ukushona.